# UKUXOLELWA KUNGENISO LOMSEBENZI WANGAPHANDLE

## Yini Entsha?

- **31 Masingana 2020 - Umbhalo wokucacisa uphothuliwe**

  Umbhalo wokuCacisa 16 (Issue 3) – Ukuxolelwa kuntelangeniso: Ingeniso lomsebenzi wangaphandle Umbhalo Ochazayo Lo mbhalo ukhuluma ngokucacisa nokusetshenziswa kokuxolelwa kwemiholo yomsebenzi wangaphandle esigabeni 10(1)(o)(ii).

- **22 kuMfumfu 2019 - Okwakamuva ngokuxolelwa kwengeniso lomsebenzi wangaphandle**

Imibuzomvama yashicilelwa ngaphansi kwesihloko sokuxolelwa kwengeniso lomsebenzi wangaphandle. Isigaba 10(1)(o)(ii) esichitshiyelwe soMthetho weNtelangeniso 1962 sesimenyezelwe kanti sizoqala ukusebenza mhla lu-1 kuNdasa 2020. Imibuzomvama (FAQs) ihlanganiswe kule dokhumenti ngokubheka imibuzo evame ukubuzwa izisebenzi, abaqashi kanye nomphakathi wonkana mayelana nemithelela yalokhu kuchitshiyelwa.

## Uhlelo lwentela ngokobusamakhamuzi

Kusukela mhla lu-1 kuNdasa 2001, iNingizimu Afrika yasuka ohlelweni lokubheka umthombo yaya ohlelweni lokubheka ubusakhamuzi kubantu. Lokhu kwasho ukuthi izakhamuzi zizobanjelwa intela kungeniso elivela emhlabeni wonke (ngaphandle kokuxolelwa okuthile noma okuthile okungafakwa) bese kuthi labo abangezona izakhamizi bona babanjelwe intela kungeniso elingene ngomthombo ongaphakathi eNingizimu Afrika. Ngolwazi olwengeziwe ngendlela intela ephathwa ngayo kulabo abangezona izakhamizi eNingizimu Afrika, sicela ubheke ikhasi mayelana ne-Non-Residents webpage.

## Ubani oyisakhamuzi ngokwentela?

Umuntu uyisakhamuzi uma kukhulunywa ngentela eNingizimu Afrika okungaba ukuthi uyisakhamuzi esijwayelekile noma ukhona ngomzimba. Umqondo weteu "isakhamuzi esijwayelekile" asichaziwe ngokucacile kanti futhi ukuthola ukuthi umuntu uyisakhamuzi esijwayelekile noma cha uma kukhulunywa ngentela kumele kwenziwe ngokubheka udaba ngalunye. Ziningi izinto okumele zibhekwe ukuze kutholakale lokhu. Interpretation Note 3 (Issue 2): Resident: Definition in relation to a natural person - ordinarily resident ubeka uhla lwezinto okumele zibhekwe ukuthola ukuthi umuntu uyisakhamuzi esijwayelekile ngokwezindaba zentela eNingizimu Afrika.

Umuntu uyakwazi ukuba yisakhamuzi ngokwentela ngokuthi abe khona yena siqu noma ngokomzimba wakhe. Ngemininingwane eyengeziwe ngalokhu, sicela ubheke Interpretation Note 4 (Issue 5): Resident: Definition in relation to a natural person - physical presence test .

Umuntu othathwa njengesakhamuzi selinye izwe uma kukhulunywa ngesivumelwano sentela, lowo muntu akafakwa encazelweni enikeziwe "ngesakhamuzi". Ilandela ukuthi yize umuntu efaneleka ukuba isakhamuzi ngaphansi kokuhlolwa okujwayelekile kokuhlola isakhamuzi noma ukuba khona siqu endaweni, umuntu lowo angeke athathwe njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika uma kukhulunywa ngentela uma lowo muntu eyisakhamuzi sakwelinye izwe uma efaka isicelo sesivumelwano sentela.

## Yimuphi umthelela wokufuduka kwezimali kusakhamuzi ngokwentela?

Ukucela imvume kuBhangengodla laseNingizimu Afrika ukuze ufudukise izimali akuxhumene nentela yomuntu ngokuba yisakhamuzi. Ukufuduka kwezimali yinto nje eyodwa engabhekwa ukuthola ukuthi ingabe umuntu lowo ukunqamulile na ukuba yisakhamuzi ngokwentela noma cha. Ukuba yisakhamuzi ngokwentela akuveli nje kunqamuke uma umuntu efudukisa izimali zakhe. Into okuyiyo enqumayo ima injalo noma ngabe umuntu ukunqamulile ukuba yisakhamuzi esijwayelekile noma cha.

# Ukunqamula ukuba isakhamuzi ngokwentela

Ukuthola ukuthi umuntu ukunqamulile noma cha ukuba yisakhamuzi ngokwentela kuwumbuzo okumele uthole ukuthi lowo muntu uyayeka yini ukuba yisakhamuzi esijwayelekile eNingizimu Afrika. Umuntu oyisakhamuzi ngokwemiphumela yokuhlolwa ukuba ukhona ezweni siqu, uyayeka ukuba isakhamuzi uma lowo muntu engaphandle kweRiphabhulikhi isikhathi esinganqamuki esingaphezu kwezinsuku ezingama-330 ezigcwele. Ukuchithwa kwentelanzuzo kwenzeka ngesikhathi umuntu enqamula ukuba yisakhamuzi kwakhe ngokwentela. Umuntu kuzomele ukuthi achithe zonke izimpahla zakhe emhlabeni, ngaphandle kwempahla enganyakazi eseNingizimu Afrika.

# Ukuxolelwa ngaphansi kwesigaba 10(1)(o)(ii) ngaphambi komhla lu-1 kuNdasa 2020

Ukuxolelwa ngaphansi kwesigaba 10(1)(o)(ii) kusebenza kusakhamuzi saseNingizimu Afrika esiyisisebenzi futhi esihlinzeka usizo ngaphandle kwaseNingizimu Afrika egameni lomqashi (waseNingizimu Afrika noma wangaphandle) isikhathi esingevile ezinsukwini eziyi-183 ezigcwele esikhathini esiyizinyanga eziyi-12 kanjalo nesikhathi esiqhubekayo esingaphezulu kwezinsuku ezingama-60 ezigcwele ngaphandle kwaseNingizimu Afrika esikhathini esifanayo sezinyanga eziyi-12. Ukuxolelwa akusebenzi kubantu abangezona izakhamizi. Uma uhlangabezana nakho konke okuyizidingo, isakhamuzi sizofaneleka ukuba sithole ukuxolelwa kuyo yonke ingxenye yomholo ophathelene nomsebenzi owenziwe phesheya. Ngolwazi olwengeziwe ngokuthi kusebenza kanjani ukuxolelwa, sicela ubheke [Interpretation Note 16 (Issue 2): Exemption from income tax: Foreign employment income.]

Kodwa-ke, lokhu kuxolelwa akusebenzi emholweni umuntu awuthole ngokwenza umsebenzi ngaphandle kwaseNingizimu Afrika esebenzela noma imuphi umqashi embonini kahulumeni, noma kumuntu osebenzela uhulumeni okungukuthi lowo muntu ubeqashwe noma uthathwa njengoqashwe ngaphansi koMthetho wePhalamende. Umholo otholwe abezinkontileka abazimele awufakwa ngaphansi kwesigaba 10(1)(o)(ii) ngoba umholo abawutholile awuthathwa njengeholo.

# Ukuxolelwa ngaphansi kwesigaba 10(1)(o)(ii) kusukela kumhla lu-1 kuNdasa 2020

Izakhamizi kusazodingeka ukuba zihlangabezane nezizidingo ze-183 nezinsuku ezingama-60 ezigcwele ukuze zifaneleke ukuthola ukuxolelwa. Uma kungukuthi izidingo "zezinsuku" kuhlangatshezenwe nazo, imali engu-R1.25 million yengeniso lomsebenzi wangaphandle eliholwe isakhamuzi ngokwentela ozofaneleka ukuxolelwa kusukela eminyakeni yokuhlola eqale mhla noma emva komhla lu-1 kuNdasa 2020.

Naliphi ingeniso lomsebenzi wangaphandle eliholwe ngaphezu kuka-R1.25 million lizotheliswa eNingizimu Afrika, kusebenza amathebuli avamile okubala intela ngalowo nyaka othile wokuhlola.

# Hlobo luni lwentela olufakiwe?

Lawa manani alandelayo angena ngaphansi kwamanani axolelwayo:

- umholo;
- imihlomulo etheliswayo;
- inkokhelo yezinsuku zokuphumula;
- iholo;
- inkokhelo yesikhathi esevile kwesivamile sokusebenza;
- ibhonasi;
- umklomelo;
- ikhomishini;
- imali;
- inzalo;
- imalisabelo (kubandakanya eyokuhambela, imali oyinikwa ngaphambili kohambo kanye nemali obuyiselwa yona emva kohambo;
- amanani atholwe ezinhlelweni zamasheya e-broad-based employee; noma
- amanani atholwe ngamasheya ngokomthetho.

# Ngabe umuntu uyatheleliswa kabili?

Yebo, uma umuntu ehola ingeniso lomsebenzi elevile ku-R1.25 million futhi kunesivumelwano sokutheliswa kabili phakathi kweNingizimu Afrika nezwe langaphandle, uma sikhona, akuniki izwe elilodwa ilungelo lokuthelisa lodwa, kodwa womabili amazwe azoba nelungelo lokuthelisa lelo ngeniso. Ingxenye yengeniso elevile ku-R1.25 million lingase litheliswe kabili.

Ngokuvamile, ngaphansi kokuhlinekela kwesivumelwano esifanele sokutheliswa kabili, uma isisebenzi senza umsebenzi ezweni langaphandle kudlule izinsuku eziyi-183, womabili amazwe anelungelo lokuthelisa lelo ngeniso. Izwe lomthombo lona liba nelungelo kuqala lokuthelisa ingeniso lomsebenzi bese kuthi izwe oyisakhamuzi kulo, okuyiNingizimu Afrika kithi, lizohlinzeka ngokukwehlisela intela yesibili ngokuthi likunike imali eza kuwe yentela engafinyelela enanini lentela eyakhokhwa kuwo womabili amazwe, nakhona kunemikhawulo ebekiwe.

# Ukulekelelwa ekutheliswеni kabili?

Isigaba 6quat indlela ngaphansi komthetho waseNingizimu Afrika okwazi ukufaka isicelo sokulekelelwa ekutheliswеni kabili lapho inani elitholwe ngomsebenzi owenziwe ngaphandle kwaseNingizimu Afrika utheliswa eNingizimu Afrika nasezweni elingaphandle. Le mali eza kuwe ingafakelwa isicelo uma sekuhlolwa ngokubuyisa amaphepha entelangeniso, inqobo nje uma izidingo ezithile kuhlangatshezenwe nazo.

Umqashi uyakwazi ngokuthanda kwakhe, ngaphansi kwendima 10 ye-Fourth Schedule, ukuthi afake isicelo somyalelo ovela kwa-SARS wokuthi kubhekwe isigaba 6quat esingenza kube nemali eza kuwe njalo ngenyanga ukuze bathole isikweletusibopho sentela sesisebenzi. Lokhu kuzomele kwenziwe ngokulandela umgudu obekelwe lokho kwa-SARS umphakathi ozokwazi ukuwuthola.

Bheka ulwazi ngeMiyalelo ngaphansi kwendima 10 Directives under paragraph 10 of the Fourth Schedule.